



Help make reading happen



As parents we do whatever we can to encourage our children to read. But sometimes, without realising it, we also do things that stand in the way of our children becoming readers. Here are some of the ways in which we may sometimes discourage our children from reading without realising it, as well as suggestions of what to do instead!

- 1. No books at home** Children need to have books around them if we want them to learn to read. You can't learn to read without books! Of course, the more books children have available at home, the more likely they are to find some that will interest them enough to make them want to read. Build up your supply of books at home by buying books for your children as birthday gifts, saving the cut-out-and-keep books in each Nalibali supplement and borrowing books from the library.
- 2. Locking books away** If you keep books on high shelves that children cannot reach, or lock them away in cupboards, children have to ask for books when they want to read. They need to be able to pick up a book whenever they feel like reading! So, keep books in places that are easy for children to find and reach.
- 3. Only reading aloud to younger children** Reading aloud to children is the best thing you can do to help increase their literacy skills – and this applies to all children. Keep reading to your children even when they can read by themselves. In this way, you'll keep them motivated to read and you'll spend time relaxing together and connecting around books.
- 4. Not letting them choose their books** We are more likely to want to read a book that we have chosen ourselves. This doesn't mean that you shouldn't ever suggest books for your children to read, and it is important that you show them how you find out about a book by looking at the front cover and reading the blurb on the back. But, at least some of the time, your children should choose the books they would like you to read aloud to them and the books they want to read on their own.
- 5. Bribing and punishing** If you link reading to punishment ("You didn't read, so now you can't watch TV!") or use it to bribe ("I'll give you a slab of chocolate, if you read that book."), children will not see reading as something that is enjoyable. And, we need children to want to read if they are going to be life-long readers!
- 6. Not enough time** If children have too many chores to do, or their weekends and afternoons are filled with lots of activities, then they are not going to have enough time to read. It is important that children have some time every day where they can just relax and read!
- 7. Not reading yourself** Children learn from what you do and they copy you! They need to see you reading regularly.

Ungazisiza kanjani izingane zakho ukuthi zibe ngabafundi

Njengabazali senza konke okusemandleni ethu ukukhuthaza izingane zethu ukuthi zifunde. Kodwa ngesinye isikhathi, singanakile nje sibeka izihibe endleleni yokuthi izingane zethu zibe ngabafundi. Nazi ezinye zezindlela esenza ngazo singaqondile ukuthi izingane zethu zingakukhuthaleli ukufunda, kanye neziphakamiso zalokho esingakwenza ukulungisa izinto!

- 1. Akukho zincwadi ekhaya** Bizingane zidinga ukuba nezincwadi eduze nazo uma kuwukuthi sifuna ukuba zifunde ukufunda okubhaliweyo. Angeke ukwazi ukufunda ukufunda kungekho zincwadi! Phela uma ziziningi izincwadi izingane ezinazo ekhaya, maningi amathuba okuthi ziithole lezo ezizozihlaba umxhwele kangokuba zizoze zifune ukuzifunda. Yandisa izincwadi onazo ekhaya ngokuthengela izingane zakho izincwadi njengezipho zosuku lokuzalwa, ngokugcina izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina nasezithasiselweni zakwaNalibali, ubuye uboleke izincwadi emtatsheni wezincwadi.
- 2. Ukukhiyelela izincwadi** Uma ubeka izincwadi emashalofini aphezulu lapho izingane zingekwazi ukufinyelela khona, noma uzikhiyelela emakhabetheni, izingane kumele zize zizicele izincwadi njalo nje uma zifuna ukufunda. Kumele zikwazi ukuthatha incwadi noma inini uma zifuna ukufunda! Ngakho gcina izincwadi ezindaweni okulula ukuthi izingane zifinyelele kuzo.
- 3. Ufundela kakhulu izingane ezincane kuphela** Ukufundela izingane kakhulu kuyinto enhle ongayenza ukuze wandise amakhono okwazi ukufunda nokubhala – futhi lokhu kusebenza kuzo zonke izingane. Qhubeka nokufundela izingane zakho noma ngabe seziyakwazi ukuzifundela ngokwazo. Ngale ndlela, uzozigcina zikukhuthalele ukufunda futhi nizochitha isikhathi sokukhululeka ndawonye, nixhumane ngezincwadi.
- 4. Ukungazivumeli ukuthi zikhethe izincwadi zazo** Kungenzeka kalula nje ukuba sithande ukufunda izincwadi esizikhethele zona thina. Lokhu akusho ukuthi akumele wenze isiphakamiso salezo zincwadi ezizofundwa izingane zakho, kanti kubalulekile ukuthi uzikhombise ukuthi uluthola kanjani ulwazi ngencwadi ngokubuka ikhava yayo engaphambili kanye nokufunda ibhulebhu - isigaba esichaza ngencwadi ngamafuphi esingemuva kwencwadi. Kodwa, okungenani, ngesinye isikhathi, kumele kube yizingane zakho ezikhetha izincwadi ezingathanda ukuthi uzifundele zona kakhulu kanye nezifuna ukuzifundela zona ngokwazo.
- 5. "Ukuthenga" ingane kanye nokuyijezisa** Uma uhlanganisa ukufunda nokujezisa: ("Awuzange ufunde, ngakho-ke angeke umbuke umabonakude!") noma ukuyithenga ingane: ("Ngizokunikeza isixwebeledu sikashokoleli, uma ufunda leya ncwadi."), izingane angeke zibone ukufunda kuyinto ethokozelekayo. Kanti sifuna ukuthi izingane zifune ukuba ngabafundi uma zizoba abafundi impilo yazo yonke!
- 6. Akunasikhathi esanele** Uma izingane zinomsebenzi omningi wasekhaya okumele zizenze, noma uma izimpelasonto zazo kanye nezintambama zazo zigcwele imisebenzi okumele ziyenze, angeke zibe nesikhathi esanele sokufunda. Kubalulekile ukuthi izingane zibe nesikhathi nsuku zonke lapho zizokhululeka khona futhi zifunde!
- 7. Ukungafundi kwakho** Izingane zifunda kulokho okwenzayo bese zikulingisa! Kumele zikubone ufunda njalo nje.

INSIDE!
Stories to celebrate
International Children's Day
and Africa Day!

NGAPHAKATHI!
Izindaba zokugubha USuku
Lwezingane Lomhlaba Wonke
kanye noSuku Lwe-Afrika!



Drive your
imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





Get story active!

Here are some ideas for using the stories in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

A surprise at the park

This story is especially suitable for very young children. It encourages both girls and boys to be strong, caring, adventurous and creative problem-solvers.

- ★ Before you begin reading, talk to your children about a time when you visited the park together. Discuss what you did at the park and what you each enjoyed the most.
- ★ After you have read the story, use some of these questions to talk about it with your children.

- ☉ Did you feel scared during the story? What made you feel scared?
- ☉ Would you like to visit this park? What would you like to do there?
- ☉ How do you think Pauline and Kagiso felt when they first saw the dog? How would you have felt?
- ☉ Where do you think the owners of the dog and her puppies are? How do you think the dog and her puppies got to the park? What would you say to the owners?



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izindaba ezikulesi sithasiselo. Khetha lawo ahambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.



Senzeka isimanga epaki

Le ndaba ilungele ikakhulukazi izingane ezincane. Ikhuthaza amantombazane kanye nabafana ukuthi babe ngabanamandla, abanakekelayo, abazithokozisayo kanye nabaqhamuka namasu ahlakaniiphile.

- ★ Ngaphambi kokuba uqale ukufunda, xoxa nezingane zakho ngesikhathi lapho nanivakashela khona ipaki ndawonye. Xoxani ngokuthi nenzeni epaki nokuthi yini ayithokozele kakhulu umuntu ngamunye.
- ★ Ngemva kokuba senifunde indaba, sebenzisa eminye yale mibuzo ukuze uxoxe ngendaba leyo nezingane zakho.

- ☉ Ngabe uzizwe wethukile ngesikhathi kuxoxwa indaba? Yini ekwenze wesaba?
- ☉ Ngabe ungathanda ukuvakashela leli paki? Yini ongathanda ukuyenza khona?
- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi uPauline noKagiso bazizwe kanjani lapho beqala ukubonainja? Ngabe wena ubungazizwa kanjani?
- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi bakuphi abanikazi benja kanye nemidlwane yayo? Ngabe ucabanga ukuthi yafika kanjani epakiinja kanye nemidlwane yayo? Ngabe ubungathini kubanikazi?

The tiny seed

The *tiny seed* is the story of Wangari Maathai. It is told simply so that children of all ages are able to enjoy finding out about this remarkable woman from Kenya.

- ★ Look at a map of Africa and find Kenya.
- ★ Talk about the story together by choosing some of these questions to discuss.
- ☉ As a child, Wangari loved to be outside and to work in her family's food garden. What do you like to do?
- ☉ Why do you think Wangari's parents needed to be persuaded to let her go to school? Do you think girls and boys should have equal opportunities to go to school?
- ★ Find some seeds to plant. Reuse plastic containers, like yoghurt cups or the bottom of a 2 litre cooldrink bottle, as plant pots. With your children, plant the seeds in some soil in the plastic containers. Place them near sunlight and water them regularly. Enjoy watching your plants grow!



Imbewu encane

Imbewu encane yindaba kaWangari Maathai. Ixoxwa ngendlela engajulile nje ukuze izingane zayo yonke iminyaka zithokozele ukuthola kabanzi ngalo muntu wesifazane oyisimanga waseKenya.

- ★ Bheka ibalazwe lase-Afrika ukuze uthole iKenya.
- ★ Khulumani ngendaba ndawonye ngokukhetha eminye yale mibuzo enizoxoxa ngayo.

- ☉ Eseyingane, uWangari wayekuthanda ukuba phandle nokusebenza esivandeni semifino somndeni wakubo. Yini wena othanda ukuyenza?
- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi kungani kwadingeka ukuthi kunxenxe abazali bakaWangari ukuthi bamvumele aye esikoleni? Ngabe ucabanga ukuthi amantombazane kanye nabafana kumele babe namathuba alinganayo okuya esikoleni?
- ★ Thola imbewu ozoyitshala. Sebenzisa kabusha iziqukathi zeplastiki ezifana nezinkomishi zeyogathi noma ingxenye engezansi yebhodlela lamalitha ama-2 njengezitsha zokutshala izitshalo. Ubambisene nezingane zakho, tshalani imbewu enhlabathini eziqumkathini zeplastiki. Zibekeni eduze nalapho kufinyelela khona ilanga bese nizinisela njalo. Thokozelani ukubuka izitshalo zenu zikhula!

You can find more information about Wangari Maathai on page 3.



Ungathola kabanzi ngoWangari Maathai ekhasini lesi-3.



Thoko's best friend

In this story, Thoko and her best friend learn how to get along as they play different kinds of make-believe games! Enjoy reading the story aloud or retelling it.

- ★ You and your children can play one or more of the make-believe games from the story – or make up your own games. Remember to join in with your children, just like Gogo did!
- ★ Talk to your children about the importance of taking turns. Ask them how they think Thoko feels in the story when Jake always gets to be the character they both want to be! Can they suggest what might be a more fair way of playing together?



Umngani omkhulu kaThoko

Kule ndaba, uThoko kanye nomngani wakhe omkhulu bafunda ukuzwana ngesikhathi bedlala imidlalo eminingi yokwenza into ikholeke! Thokozela ukufunda indaba noma ukuyixoxa kabusha.

- ★ Wena nezingane zakho ningadlala umdlalo omdwaba noma ngaphezulu emidlalweni esendabeni yokwenza izinto ezingakholakali zemukeleke – noma nizenzele eyenu imidlalo. Khumbula ukuhlanganyela nezingane zakho, njengoba uGogo enza!

- ★ Xoxa nezingane zakho ngokubaluleka kokushintshana noma ukudedelana. Zibuze ukuthi zicabanga ukuthi uThoko uzizwa kanjani endabeni uma uJake elokhu eba umlingiswa bobabili abathanda ukuba nguye? Bangasenza yini isiphakamiso sendlela elunge kangcono yokudlala ndawonye?



Drive your imagination

Important celebrations!

How much do you know about Africa Day and International Children's Day? Read on to find out more.

"I am not African because I was born in Africa, but because Africa was born in me."
Kwame Nkrumah, Ghanaian leader and president from 1951 to 1966

Imigubho ebalulekile!

Ngabe wazi kangakanani ngoSuku Lwe-Afrika kanye noSuku Lwezingane Lomhlaba? Qhubeka nokufunda ukuze uthole kabanzi.

"Angiyena um-Afrika ngenxa yokuthi ngazalelwa e-Afrika, kodwa ngenxa yokuthi i-Afrika yazalwa kimi."
UKwame Nkrumah, umholi kanye nomongameli waseGhana kusukela ngowe-1951 ukuya kowe-1966

Africa Day

Africa Day is celebrated each year on 25 April. It is the day on which we celebrate the start of the Organisation of African Unity (OAU) in 1963, as well as the freedom fought for by African countries.

The OAU was replaced by the African Union (AU) in 2001. The African Union works to bring unity and peace to Africa. All African countries, except Morocco, are members of the AU, which means it has 54 members.

Africa Day is a public holiday in only five African countries: Ghana, Mali, Namibia, Zambia and Zimbabwe. But, it is celebrated all over Africa as well as by Africans living in other parts of the world!

International Children's Day

International Children's Day has been celebrated on 1 June since 1925! The day is a reminder about the rights of children. It also reminds adults to protect and care for children everywhere. People celebrate in different ways – some organisations make speeches about improving children's lives; other organisations offer fun activities for children and their families to enjoy together.



Usuku Lwe-Afrika

USuku Lwe-Afrika lugujwa minyaka yonke mhla zingama-25 kuMbaso. Wusuku esigubha ngalo ukuqala kweNhlangotho Yobumbano Lwe-Afrika (i-Organisation of African Unity - OAU) ngowe-1963, kanye nenkululeko eyalwelwa ngamazwe ase-Afrika.

I-OAU kwangena endaweni yayo uBumbano Lwe-Afrika (African Union – AU) ngowezi-2001. UBumbano Lwe-Afrika lusebenzela ukuletha ubumbano kanye nokuthula e-Afrika. Wonke amazwe ase-Afrika, ngaphandle kweMorocco, angamalungu e-AU, lokhu kuchaza ukuthi inamalungu angama-54.

USuku Lwe-Afrika luyiholide emazweni ase-Afrika amahlanu kuphela: eGhana, eMali, eNamibia, eZambia naseZimbabwe. Kodwa, lugujwa e-Afrika yonkana kanye nangabantu base-Afrika abakwezinye izingxenye zomhlaba!

USuku Lomhlaba Lwezingane

USuku Lomhlaba Lwezingane lugujwa mhla lu-1 kuNhlangotho kusukela ngowe-1925! Usuku lusikhumbuza ngamalungelo ezingane. Futhi lukhumbuza abantu abadala ukuthi bavikele, banakekele izingane yonke indawo. Abantu balugubha ngezindlela ezahlukene – ezinye izinhlangano zethula izinkulomo ngokwenza ngcono izimpilo zezingane; ezinye izinhlangano zethula imisebenzi ethokozisayo engajathulelwa ndawonye yizingane kanye nemindeni yazo.

DID YOU KNOW?

Wangari Maathai grew up in Kenya. After school, she went to university overseas to study to be a scientist. When she returned to Kenya, she discovered that people were hungry and did not have enough water because the land was not being cared for.

Wangari showed people – especially women – to make better use of the land and to care for it by planting trees. People called her **Mama Miti**, which means "Mother of Trees". The **Greenbelt Movement**, which she started, has planted over 40 million trees all over Africa!

She was given the **Nobel Peace Prize** in 2004. She was the first African woman and environmentalist to win a Nobel Peace Prize.



Martin Rowe. Cicra 2010. © Unknown.

NGABE BEWAZI?

UWangari Maathai wakhulela eKenya. Ngemva kokuqeda isikole, wayofundela ukuba ngusosayensi emanyuvesi aphehlaya. Lapho esebuyela eKenya, wathola ukuthi abantu babelambile futhi bengenawo amanzi anele ngenxa yokuthi izwe lalinganakekelwa.

UWangari wabonisa abantu – ikakhulukazi abesifazane – ukuthi bangawusebenzisa kangcono kanjani umhlaba futhi bangawunakekela kanjani ngokutshala izihlahla. Abantu bambiza ngo**Mama Miti**, okuchaza ukuthi "**Mama Wezihlahla**". Inhlangotho i-**Greenbelt Movement**, eyasungulwa nguye, seyitshale izihlahla ezingaphezu kwezigidi ezingama-40 e-Afrika yonkana!

Waklonyeliswa nge-**Nobel Peace Prize** ngowezi-2004. Waba ngowesifazane wokuqala wase-Afrika kanye nomongi wemvelo wokuqala owathola i-**Nobel Peace Prize**.

NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show: Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m. SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali: Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni. Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Story stars

To celebrate children and find out what some of them think about stories and reading, we spoke to four of our readers. Here's what they told us.

We asked nine-year-old Buhlebenkosi Kerejane from Philippi about her favourite story.

Buhle: My favourite story is *The bird who couldn't fly*.

Nal'ibali: Why do you like that story?

Buhle: Because at first he couldn't fly. Then the other birds said, "Yes, you can fly!", and the little bird learnt how to fly.



Abavelele endabeni

Ukuze sigubhe ubukhona bezingane nokuthi sithole ukuthi ezinye zazo zicabangani ngezindaba kanye nokufunda okubhaliwe, sixoxe nabafundi bethu abane. Nakhu abasitshele khona.

Sibuze Buhlebenkosi Kerejane wasePhilippi oneminyaka eyishiyagalolunye ngendaba ayithandayo.

Buhle: Indaba engiyithandayo ithi *Inyoni eyayingakwazi ukundiza*.

Nal'ibali: Kungani uyithanda le ndaba?


Buhle: Yingoba ekuqaleni yayingakwazi ukundiza. Ezinye izinyoni zase zithi, "Yebo, ungakwazi ukundiza!" inyoni encane yase ifunda ukundiza.

Ten-year-old Sedikah Kelly from Bo-Kaap loves to read aloud. We asked her what kind of stories she enjoys.

Sedikah: I like stories about children.

Nal'ibali: What kind of children?

Sedikah: Any children. I like it when the children help each other in the stories.



USedikah Kelly waseBo-Kaap oneminyaka eyishumi uthanda ukufunda kakhulu. Sibuze ukuthi yiluphi uhlobo lwezindaba aluthokozelayo.

Sedikah: Ngithanda izindaba ezimayelana nezingane.

Nal'ibali: Izingane ezinjani?

Sedikah: Noma yiziphi nje izingane. Ngiyathanda lapho izingane zisizana ezindabeni.


Twelve-year-old Odwa Mahleza from Langa loves to read, all the time!

Nal'ibali: Why do you like to read?

Odwa: It exercises my mind ... but it's also so much fun. Fantasy is my favourite.

Nal'ibali: Why do you like fantasy?

Odwa: I like the impossible.



U-Odwa Mahleza wakwaLanga oneminyaka eyishumi nambili uthanda ukufunda ngaso sonke isikhathi!

Nal'ibali: Kungani uthanda ukufunda?

Odwa: Kushukumisa umqondo wami ... kanti futhi kuthokozisa kakhulu. Ngizithanda kakhulu izindaba ngezinto ezingakholakali.

Nal'ibali: Kungani uthanda izindaba ezingakholakali?

Odwa: Ngiyakuthanda ukubuka okungenzeke ngempela.

Thirteen-year-old Anda Silimeni from Khayelitsha told us what he likes to read.

Anda: I like stories about broken-hearted people.

Nal'ibali: Why?

Anda: They're full of lessons. Sometimes they help you get over your own problems.



U-Anda Silimeni waseKhayelitsha oneminyaka eyishumi nantathu wasitshela lokho athanda ukufunda.

Anda: Ngiyazithanda izindaba ezingabantu abanezinhliziyo ezibuhlungu.

Nal'ibali: Ngani?

Anda: Zigcwele izifundo. Futhi ngesinye isikhathi ziyakusiza ukuthi ukhohlwe yizinkinga zakho.



Do you love books and reading? What kinds of books do you enjoy? What is your favourite story? Write to us and let us know. Send your thoughts to: PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wycroft Road, Mowbray, 7700, or letters@nalibali.org.


Ngabe uyazithanda izincwadi kanye nokufunda? Uthanda izincwadi ezinjani? Ithini indaba oyithandayo? Sibhalele usitshele. Thumela lokho okucabangayo ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wycroft Road, Mowbray, 7700, noma ku-letters@nalibali.org.

Create your own cut-out-and-keep books


1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. Separate pages 5, 6, 11 and 12 from pages 7, 8, 9 and 10.
3. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again.
 - c) Cut along the red dotted lines.

Zenzele ezakho izincwadi ozozisika uzikhiphe bese uzigcina


1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 kulesi sithasiselo.
2. Hlukanisa amakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 emakhasini 7, 8, 9 nele-10.
3. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi.
 - c) Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu.



Drive your imagination



“Let’s look around on the grass,” said Kagiso.
 “Good idea,” said Pauline. “That’s where Teacher Tholisa was last.”
 They walked with their heads down, searching the ground. It
 didn’t take long before Kagiso spotted something red in the grass.
 “Over there!” he shouted.
 Pauline and Kagiso ran towards the shaker ... but suddenly
 they stopped.
 “Ake sibheke oshani!” kusho uKagiso.
 “Tsu ehlile lelo,” kusho uPauline. “Lapho uTholisa
 agcine khona.”
 Bahamba bebhake phansi, becinga phansi. Akuzange kutathe
 isikhathi eside ngaphambi kokuba uKagiso abone into ethile
 ebomvu oshani. “Nasiya!” esho ememeza.
 UPauline noKagiso bagijima begonde esikhelekheleleni ...
 kodwa bama kungalingidekile.



“What’s wrong, Teacher?” asked Pauline.
 “I’ve lost my shaker. How are the children going to hear me?”
 “Don’t worry. We’ll help you find it,” said Pauline.
 “Ake silambe siyobona amadada manje,” kusho uPauline
 ngesikhathi sebedqelle ukudlala ozwingi.
 “Angikaze ngwabone phambili amadada *angempela*,”
 kusho uKagiso.
 Endleleni yabo eya exhaphozini, badlula uTholisa uTholisa.
 Wayebukeka ekhathazake kakhulu.
 “Ngabe kukhona okungahambi kahle, Thisha?”
 kubuza uPauline.
 “Ngilahlekelwe isikhelekhele sami. Zizongizwa
 kanjani izingane?”
 “Ungakhathazeki. Sizokufunisa sona,” kusho uPauline.



“Let’s go and see the
 ducks now,” said
 Pauline when they had
 finished swinging.
 “I’ve never seen
real ducks before,”
 said Kagiso.
 On their way to the
 vle, they passed
 Teacher Tholisa. She
 looked very worried.

Persona Doll Training provides diversity training for teachers and parents. We use Persona Dolls to help children and adults unlearn prejudice and to support emotional development. We also offer stories and life-like dolls – Persona Dolls and smaller Ubuntu play dolls.


A surprise at the park is a large, A3-size bilingual book available in two language versions: English and isiXhosa, and isiZulu and Sesotho. Contact Persona Doll Training for more information or to order a book.

Website: www.pdt.org.za
 Tel: 021 7884365
 Email: info@pdt.org.za
 Facebook: Persona Doll Training: Embrace diversity

I-Persona Doll Training ihlinzeka ngokuqeqesha okwehlukene kothisha kanye nabazali. Sisebenzisa ama-*Persona Doll* ukuze sisize izingane kanye nabantu abadala ukuthi bafunde ukuyeka ukucwasa, beseke ukuthuthuka kwangokomoya. Sihlinzeka nangezindaba kanye nonodoli abafana nabantu abaphilayo – ama-*Persona Dolls* kanye nabancane ababizwa ngokuthi *Ubuntu play dolls*.

USenzeka *isimanga epaki* incwadi enkulu, eyisilinganiso esingu-A3 ebhalwe ngezilimi ezimbili: isiNgisi nesiXhosa, kanye nesiZulu nesiSotho. Thinta i-Persona Doll Training ukuze uthole eminye imininingwane noma ukuze ufake isicelo sokuthenga incwadi.

Isizindalwazi: www.pdt.org.za
 Inombolo yocingo: 021 7884365
 Ikheli le-imeyli: info@pdt.org.za
 Ku-Facebook: Persona Doll Training: Embrace diversity



A surprise at the park Senzeka isimanga epaki


Wendy Hartmann
 Magriet Brink

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi






UPauline noKagiso baqala baya kozwinqi. Bashwiba imlenze yabo beyisa phambili nasemuva, beya ngokuya phezulu, phezulu futhi. UPauline waya phezulu kakhulu waze waphendukelwa yisisu. Wayekwazi ukubona ipaki lonke. Wayekwazi nokubona uTholisa edlala umdlalo webhola nezinye zezingane.



Kwakumiinja enkulu phambi kwabo – eduze kwesikhelkhelel! Yayibukeka ithukuthela futhi igawuma. Yasondele. UKagiso wagxavuma ingalo kaPauline. “Shhhhi Yima unganyakazi!” kusholo phansi uPauline. Wase ehlebeza ethi, “Isidlo sasemini!” “INI?” UKagiso wamemeza kangangokuthiinja yasondele kubo. “Phonsa isidlo sakho sasemini laphaya,” kuhlabeza uPauline, “kude nesikhelkhelele!”

A big dog stood in front of them – right next to the shaker! It looked angry and was growling. It stepped closer. Kagiso grabbed Pauline’s arm. “Shhhhi Stand still,” said Pauline quietly. “Then she whispered, “Lunch!” “WHAT?” Kagiso said so loudly that the dog moved towards him. “Throw your lunch over there,” whispered Pauline, “away from the shaker.”



And all the way home, that’s exactly what they did! Pauline’s dad just smiled as he listened. He was so proud of them.

Kanti yilokho kanye abakwenza endleleni yonke ebuyela ekhaya! Ubaba kaPauline wayemamatheka ngesikhathi elalele. Wayeziqhenya kakhulu ngabo.

Pauline was excited. She and her friend, Kagiso, were going on a class outing.

“Kagiso! Hurry! Have you got your lunch?” Pauline shouted.

Pauline’s dad laughed. “Have you got yours?” he asked. Pauline nodded.

“Teacher Tholisa will meet us at the park gate this morning,” Pauline’s dad said. “I think you’re going to have such fun at this park!”



UPauline wayejabule kakhulu. Yena kanye nomngani wakhe, uKagiso, babezothatha uhambo neklasi labo.

“Kagiso! Sheshisa bo! Usiphethe isidlo sakho sasemini?” kumemeza uPauline.

Wahleka ubaba kaPauline. “Usiphethe esakho?” kubuza yena. Wanqekuzisa ikhanda uPauline.

“UTholisa uTholisa uzohlangana nathi esangweni lasepaki namhlanje ekuseni,” kusho ubaba kaPauline. “Ngicabanga ukuthi nizozithokozisa kakhulu kuleli paki!”

Fold



The more she learnt, the more she realised that she loved the people of Kenya. She wanted them to be happy and free. The more she learnt, the more she remembered her African home.

Lapho kwanda akufundayo, wabona nokuthi wayebathanda abantu basekenya. Wayefuna ukuba baqabule futhi bakhululeke. Lapho efunda kabanzi, wayelokhu ekhumbula ikhaya lakhe elise-Afrika.

Fold



We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.

Get involved at bookdash.org



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

A tiny seed Imbewu encane



*Nicola Rijsdijk
Maya Marshak*

Enyvesi yaseMelika uWangari wafunda izinto eziningi ezintsha. Wafunda ngezishalo nangokuthi zikhula kanjani. Wakhumbula nangokuthi wakhula kanjani: edlala imidlalo nabafowabo emithunzini yezihlahla ezinkulu emahlathini amahle aseKenya.

At the American university, Wangari learnt many new things. She studied plants and how they grow. And she remembered how she grew: playing games with her brothers in the shade of the trees in the beautiful Kenyan forests.



In a village on the slopes of Mount Kenya in East Africa, a little girl worked in the fields with her mother. Her name was Wangari.

Emuzini osekwehleleni kweNtaba iKenya eMpumalanga ye-Afrika, kwakunentombazanyana eyayisebenza emasimini nomama wayo. Igama layo kwakunguWangari.



Fold




When she had finished her studies, she returned to Kenya. But her country had changed. Huge farms stretched across the land. Women had no wood to make cooking fires. The people were poor and the children were hungry. Wangari knew what to do. She taught the women how to plant trees from seeds. The women sold the trees and used the money to look after their families. The women were very happy. Wangari had helped them to feel powerful and strong.



Wayekuthanda ukufunda! UWangari wafunda okuningi ngaleyo naleyo ncwadi ayeyifunda. Wenza kahle kakhulu esikoleni waze wamenywa ukuthi ayofunda eMehika. Lokhu kwamhlaba umkhwele uWangari! Wayefuna ukwazi kabanzi ngomhlaba.

She liked to learn! Wangari learnt more and more with every book she read. She did so well at school that she was invited to study in the United States of America. Wangari was excited! She wanted to know more about the world.



Fold

Lapho eseqede izifundo zakhe, wabuyela eKenya. Kodwa izwe lakhe lase ligqukile. Kwakukhona amapulazi amakhulu ayesendlekele kulo mhlaba. Abesifazane babengenazo izinkuni zokubasa umlilo wokupheka. Abantu babempofu kanti nezingane zilambile. UWangari wakwazi ukuthi kumele enzeni. Watundisa abantu besifazane ukuthi batshale izihlahla ngembewu. Abesifazane babezithengisa izihlahla basebenzise imali ukunakekela imindenani yabo. Abesifazane babethokoze kakhulu. UWangari wayesebasize ukuthi bazizwe beyizikhondlakhondla futhi beqinile.



Wangari loved being outside. In her family's food garden she broke up the soil with her machete. She pressed tiny seeds into the warm earth.

UWangari wayekuthanda ukuba ngaphandle. Esivandeni sokudla somndeneni wakhe wayelima khona umhlabathi ngegeja lakhe i-machete. Wayecindezela imbewu encane emhlabathini ofudumele.

Wangari died in 2011, but we can think of her every time we see a beautiful tree.

UWangari washona ngowezi-2011, kodwa sicabanga ngaye njalo uma sibona isihlahla esihle.



Fold


UWangari wayeyingane ehlabaniphe kakhulu futhi wayeselangazela ukuya esikoleni. Kodwa umama kaye nobaba wakhe babefuna ahlaye ekhaya ukuze abasize. Lapho eseneminyaka eyisikhombisa, umfowabo omdala wanxusa abazali bakhe ukuthi bamyeke aye esikoleni.

Wangari was a clever child and couldn't wait to go to school. But her mother and father wanted her to stay and help them at home. When she was seven years old, her big brother persuaded her parents to let her go to school.



Ngokuhamba kwesikhathi, kwakhula izihlahla ezintsha zaba ngamakhathi, kwase kuqala ukugeleza kwemifuta futhi. Umlayezo kaWangari wasabalala ne-Afrika. Namhlanje, sekunezigidi zezihlahla esezikhule zivela embewini kaWangari.

As time passed, the new trees grew into forests, and the rivers started flowing again. Wangari's message spread across Africa. Today, millions of trees have grown from Wangari's seeds.



Wangari had worked hard. People all over the world took notice, and gave her a famous prize. It is called the Nobel Peace Prize, and she was the first African woman ever to receive it.

UWangari wayesebenze kanzima. Lokhu kwabonwa abantu emhlabeni wonke, base bemklomelisa ngomklomelo odumile. Ubizwa nge-Nobel Peace Prize, futhi wayengowesifazane wase-Afrika wokuqala ngqa ukuwuthola.



Her favourite time of day was just after sunset. When it got too dark to see the plants, Wangari knew it was time to go home. She would follow the narrow paths through the fields, crossing rivers as she went.

Isikhathi sosuku ayesithanda kwakungemvana kokushona kwelanga. Lapho sekumnyama kakhulu ukuthi angabona izitshalo, uWangari wayazi ukuthi sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya. Wayelandela indledlana encane edabula amasimu awele nemifuta, aqhubeke nohambo lwakhe.



UKagiso wathatha kancane isemishi lakhe lebhotele lamantongomane. Wase eiphonsa! Inja yaqhubeka nokubagqolozela. Yase izwa iphunga lokudlal' Ekugcineni, yaya ngasesemishini lkaKagiso.

Izingane zama lapho, zethuke kangangokuba kwakunzima nokuphefumula. Inja yathatha isemishi yabuyela ezilahleni.




Kagiso slowly took out his peanut butter sandwich. Then he threw it! The dog kept watching them. Then it smelt food! At last, it moved closer to Kagiso's sandwich.

The children stood there, so scared they could hardly breathe. The dog picked up the sandwich and moved back to the trees.

Fold

First Pauline and Kagiso went on the swings. They pushed and pulled their legs forwards and backwards, going higher and higher.

Pauline went so high her tummy did a flip-flop. She could see the whole park. She could even see Teacher Tholisa playing a ball game with some of the children.



“Oh,” said Kagiso, suddenly remembering that they had found the shaker. “I almost forgot that we found your shaker!”

“Thank you!” said Teacher Tholisa.

Later Teacher Tholisa shook the shaker three times. It was time to go home.

“Did you have a good time?”

Pauline’s dad asked when he met them at the gate.

“I think they had quite an adventure,” said Teacher Tholisa. “I’m sure they’ll tell you all about it.”

“O,” kusho uKagiso, ekhumbula ukuthi basitholile isikhelekhehle. “Ngicishe ngakhohlwa ukusho ukuthi sisitholile isikhelekhehle sakho!”

“Ngiyabonga!” kusho uThisha uTholisa.

Kamuva uThisha uTholisa waxukuza isikhelekhehle sakhe kathathu. Kwase kuyisikhathi sokubuyela ekhaya.

“Ngabe nibe nesikhathi esimnandi?” Kwabuza ubaba kaPauline ngesikhathi ehlangana nabo esangweni.

“Ngicabanga ukuthi bathokoze kakhulu behlelwa nayilokho ebebengakulindele,” kusho uThisha uTholisa. “Ngiqinisekile ukuthi bazokutshela konke ngakho.”



Pauline’s dad said goodbye. “This is a big place so you need to make sure that you stay together. Have a wonderful time. I’ll pick you up later.”


Wabavalelisa ubaba kaPauline. “Inkulu le ndawo ngakho kumele niqinisekise ukuthi anihlukani. Nibe nesikhathi esimnandi. Ngizonilanda ekuhambeni kosuku.”



Teacher Tholisa shook a shaker. “Come here everyone,” she said smiling. “Let’s enjoy ourselves here, but remember to stay together. Have fun, but listen for three shakes of the shaker. This means that I want you to come to me.”

UThisha uTholisa waxukuza isikhelekhehle. “Wonke umuntu akeze la,” esho emamatheka. “Masizithokozise la, kodwa sikhumbule ukuba singahlukani. Nizithokozise, kodwa nilalele ukuze nizwe uma kuxukuzwa isikhelekhehle kathathu. Lokhu kuchaza ukuthi ngifuna nize kimi.”





Pauline and Kagiso didn't know where to go first. There were swings, a slide and a HUGE jungle gym. There was lots of grass that looked fun to roll on. There was even a vlei with some ducks on it.

"Wow!" said Kagiso. "It's big."

"And pretty," said Pauline.

"Futhi lhle!" kusho uPauline.

"Ncinci!" kusho uKagiso. "Likhulu."

UPauline noKagiso abazanga ukuthi bagale ukuya kuphi. Kwakukhona ozwingi, umshushuluzo kanye ne-jungle gym ENKULU. Kwakukhona utshani obuningi okwakubukeka kumnandi ukuzingqa kubo. Kwakukhona nexhaphozi elinamadada.

"Look!" Teacher Tholisa said. "The dog has given the sandwich to her puppies." They saw four wriggly, hungry puppies. "She growled at you because she doesn't know you and she thought you might hurt her puppies."

Pauline and Kagiso felt hungry. They only had Pauline's sandwich to share, but they didn't mind!

"I'll phone the animal hospital to come and help this dog and her puppies," said Teacher Tholisa.



"Bukani!" Kusho uThisha uTholisa. "Inja inike imidlwane yayo isemishi." Babona imidlwane enyakazisa imizimba, elambile. "Inja ibigwavuma ngoba ayinazi, futhi ibicabanga ukuthi kungenzeka nilimaze imidlwane yayo."

UPauline noKagiso bazizwa sebelambile. Babenesemishi likaPauline kuphela ababengabelana ngalo, kodwa babengenankinga ngalokho!

"Ngizoshayela ucingo abasesibhedlela sezilwane ukuze bazosizainja nemidlwane yayo," kusho uThisha uTholisa.

"Nenze kahle ngokungazami ukusondela eduze kwenja eningayazi," kusho uThisha uTholisa. Ngaphandle kokuthi vu, wase eya ngasezihlahleni!


Bamshela konke.

"Ngabe nizizwa nikahle?" kubuza uThisha uTholisa.

"Wewu!" kusho uKagiso.

wagijima wabuyela kuKagiso.

UPauline wagijima waya phambili, wagxavuma isikhehlekhchhle



"You were right not to try to go too close to a dog you do not know," said Teacher Tholisa. Then, without saying a word, she walked towards the trees!

They told her everything.

"Are you okay?" asked Teacher Tholisa.

"Phew!" said Kagiso.

Pauline dashed forward, grabbed the shaker and ran back to Kagiso.

Fold

Fold

10 tips for sharing books with 3 to 6 year olds

Reading to children from an early age helps develop their language skills and stimulates their cognitive development. Young children are easy to read to – they usually love stories and books!

1. Don't read for long periods. Young children may find it difficult to concentrate and then lose interest.
2. Choose a different type of picture book each time you read aloud. For example, everyday life stories, stories that rhyme, fantasy stories and adventures.
3. Read the book's title and the names of the author and illustrator on the front cover.
4. Ask your children if they can guess what the book might be about from listening to the title and looking at the picture on the cover.
5. Read with expression and use different voices for different characters.
6. Read the words of the story, but also talk about what is in the pictures.
7. As you read, draw attention to the characters and the plot by asking simple questions like, "Who is that?", "Where is he?", "What is that?" and "I wonder why she did that?"
8. Encourage children to join in. Let them handle the book, point to pictures and turn the pages.
9. Repeat children's favourite stories as often as they ask for them!
10. As your children get to know the stories better, invite them to read along with you. Suggest that they "read" (recite) the repeated phrases and sentences like, "I'll huff and I'll puff and blow your house down!"



Amacebo ayi-10 okwabelana ngezincwadi nezingane ezineminyaka emi-3 ukuya kweyi-6

Ukufundela izingane kusukela zincane kusiza ukuthuthukisa amakhono azo okufunda ulimi futhi kukhuthaza ukuthuthuka kokwazi ukhlaziya ngokomqondo. Kulula ukufundela izingane ezincane – zivamise ukuzithanda izindaba nezincwadi!

1. Ungafundi izikhathi ezinde. Izingane ezincane zingakuthola kunzima ukugxila kulokho okwenziwayo zingabe zisaba nantshisekelo.
2. Khetha incwadi enezithombe eyehlukile njalo nje uma ufunda kakhulu. Isibonelo, izindaba ezingempilo yansuku zonke, izindaba ezinemilolozelo, izindaba ezingakholakali kanye nezindaba ezinezigigaba.
3. Funda isihloko sencwadi kanye namagama ombhali kanye nodwebe izithombe abasekhaveni engaphambili.
4. Buza izingane zakho ukuthi ngabe zingaqagela yini ukuthi incwadi imayelana nani ngokuzwa igama layo nangokubheka isithombe esisekhaveni.
5. Funda ngokukhombisa imizwa futhi usebenzise amazwi ahlukene kubalingiswa abahlukene.
6. Funda amagama endaba, kodwa khuluma futhi ngokusezithombeni.
7. Ngesikhathi ufunda, zikhombise abalingiswa kanye nokwakheka kwendaba ngokubuza imibuzo elula efana nokuthi, "Ubani lowo?", "Ukuphi?", "Yini leyo?" nokuthi "Kazi kungani enze lokho?"
8. Khuthaza izingane ukuthi zihlanganyele nawe. Zivumele ukuthi zithinte incwadi, zikhombe izithombe nokuthi ziphenye amakhasi.
9. Phindani izindaba ezithandwa izingane kaningi ngendlela ezizicela ngayo!
10. Uma izingane zakho ziya ngokuzazi kangcono izindaba zimeme ukuthi zifunde kanye nawe. Yenza isiphakamiso sokuthi "zifunde" (ziphinde) izisho eziphindaphindwayo kanye nemisho efana nokuthi: "Eh! amathambo ebheke ezansi, enyuk' amathambo ebheke phezulu!"

DID YOU KNOW?

Does your young child like to:

- ★ pull toys round and round?
- ★ spin round and round?
- ★ play with toys that have turning or spinning parts?
- ★ draw circles?
- ★ ride a bike or tricycle in circles?

Did you know that when children do these things, they are learning about how objects turn and how they can turn?



NGABE BEWAZI?

Ngabe umntwana wakho omncane uthanda:

- ★ ukudonsa amathoyizi alokhu ezungeza nawo?
- ★ ukushwiliza ephindelela?
- ★ Ukudlala ngamathoyizi aphendukayo noma anezingxenye eziphendukayo?
- ★ ukudweba izindingiliza?
- ★ ukugibela ibhayisikili noma usondontathu azungeze enza izikokela?


Ngabe bewazi ukuthi uma izingane zenza lokhu, zifunda ngokuthi ziphenduka kanjani izinto kanye nokuthi zingaphenduka kanjani?





Thoko's best friend

Story and illustrations by Niki Daly



"Can Jake come and play?" Thoko asked Mama. "He's my best friend," she said.

"Sure," said Mama. "If Gogo doesn't mind looking after you while I'm at work, then that's fine."

"I don't mind at all," said Gogo. "I once had a best friend who was called Bossy Boots."

"That's a funny name," said Thoko.

"She was a funny girl," said Gogo. "When we played together she always wanted to be Queen This or Queen That. I always had to be the servant who got bossed around."

Thoko, Mama and Gogo had a good laugh.

The next day, Jake came to play. First they played taxi-taxi. Gogo let them use two kitchen chairs to make the taxi.

"I'll be the taxi driver," said Jake.

"Then I'll be the one who shouts *Cape Town!* and collects the money," said Thoko.

"And I'll be the passenger," said Gogo.

Jake sat on the front seat, Gogo sat on the back seat and Thoko shouted *Cape Town!* and squeezed in. Gogo gave Thoko two peppermints, which they pretended was money.



Soon they were in Cape Town and Thoko cried, "Everyone get out!" Gogo climbed out and Thoko shared her peppermints with Jake.

"Now what shall we play?" asked Jake.

"Let's play train-train," suggested Thoko.

"We need more chairs to make a train," said Jake. They used three kitchen chairs. One was for the train driver, one was for passengers and the last one was for boxes and animals.

"I want to be the train driver," said Jake.

"I want to be the Gogo who is going to visit her family in Jozi," said Gogo, sitting down in the passengers' coach.

"Then I'll be a little dog and sit in the last coach," said Thoko.

"*Choo-choo! Chuff- chuff!*" chuffed Jake, as the train pulled out of the station.

"*Woof Woof!*" woofed Thoko. Gogo closed her eyes and pretended to be fast asleep. It was a pity, because she missed all the beautiful scenery as the train travelled all the way from Cape Town to Johannesburg. They went through valleys and over mountains. They passed through the wide flat Karoo with its little koppies. They went over rivers and through farmlands. And then, finally, they came to the great city of Johannesburg.

"*Choo! Choooooooo!*" went Jake as they arrived at the station.

"*Woof! Woof!*" woofed Thoko.

That woke up Gogo who said, "My Goodness! We're here already? We're just in time for tea!"

Jake and Thoko carried the chairs back to the table and Gogo made a pot of tea and put out biscuits for the thirsty train driver and the hungry little dog.

"After this biscuit," said Thoko, "I want to build a space ship."

"Cool!" said Jake. "I want to be the space captain!" Thoko looked very disappointed.

"Why don't you both be astronauts," suggested Gogo.

"Okay," said Jake. But he didn't look too happy about it.

The space ship needed four chairs. Two upright chairs were for the astronauts to sit in. The other two were put behind on their backs as rocket boosters.

"Five ... four ... three ... two ... one ... lift off!" announced Gogo, as she waved them goodbye. The spaceship lifted off and rose up, up, up into deep space.

"Look!" said Thoko. "There's the moon!"

"Let's land," said Jake. Slowly the spaceship landed on the moon and the two astronauts climbed out.

"There is nothing here," said Jake.

"Yes," agreed Thoko, "let's go home."

Gogo was glad to see them return to Earth. They both looked tired from their travels. "I know what you can do next," said Gogo. "It's something that Bossy Boots and I used to do when we were your age." Gogo showed them how to make a hut by throwing a blanket over the chairs.

"I want to be the hunter," said Jake.

"I want to be the hunter's best friend," said Thoko. "And you can be a mama elephant," she said to Gogo.

"I'd rather be a mama lion," said Gogo.



Jake was very quiet as they stalked the mama lion. Thoko was even quieter. But before they got to where the mama lion was sitting at the table having her second cup of tea, she turned around and let out a blood curdling growl – *GRRROOOWLLL!* The hunter and his best friend got such a fright they dived back into their hut, pulling the roof down on top of them. Gogo giggled, and there was a lot of giggling coming from under the blanket. And then all was quiet.

"Good," thought Gogo. She needed a rest.

"Know what?" said Thoko from under the blanket.

"What?" asked Jake.

"Even though you are very bossy and always want to be the taxi driver, the train driver, the captain of a spaceship *and* the hunter, you are still my best friend," said Thoko.

"I know," said Jake. "And you are my bestest friend ever!"

Gogo smiled. They sounded just like her and Bossy Boots!



Indaba nemidwebo nguNiki Daly

"Ngabe uJake angeza ukuzodlala lapha?" kubuza uThoko kuMama.
"Ungumngani wami omkhulu," kusho yena.

"Kulungile," kusho uMama. "Inqobo nje uma uGogo engenankinga ngokuninakekela ngesikhathi ngisesemsebenzini, kulungile-ke."

"Anginankinga neze," kusho uGogo. "Nganginomngani omkhulu owayebizwa ngoBhozomela."

"Laze lahlekisa lelo gama," kusho uThoko.

"Wayeyintombazane ehlekisayo," kusho uGogo. "Uma sidlala wayehlale efuna ukuba uNdlovukazi Sibanibani noma uNdlovukazi Sibanibanyana. Kwakumele ngihlale ngiyisisebenzi ayehlale esithuma yonke indawo."

UThoko, uMama noGogo bahleka kakhulu.

Ngakusasa, kwafika uJake ezodlala. Baqala ngokudlala u-'tekisi-tekisi'. UGogo wabavumela ukuthi basebenzise izihlalo ezimbili zasekhishini ukuze benze itekisi.

"Ngizoba umshayeli wetekisi," kusho uJake.

"Ngizoba yilowo omemeza ukuthi eKapa! bese ngiqoqa imali," kusho uThoko.

"Ngizoba umgibeli," kusho uGogo.

UJake wahlala esihlalweni esiphambili, uGogo wahlala esihlalweni esingemuva kanti uThoko wayememeza ethi eKapa! wase ezimpintshela khona lapho. UGogo wanika uThoko amaphephamenti amabili, enza sengathi ayimali.



Kungakabi nasikhathi esingakanani bafika eKapa uThoko wase ememeza ethi, "Makwehle wonke umuntu!" UGogo wehla uThoko wase abelana noJake ngamaphephamenti.

"Sizodlalani manje?" kubuza uJake.

"Masidlale u-'sitimela-sitimela'," kuphakamisa uThoko.

"Sidinga izihlalo ezinye ukuze senze isitimela," kusho uJake. Basebenzisa izihlalo zasekhishini ezintathu. Esisodwa kwakungesomshayeli wesitimela, esesibili kwakungesabagibeli kanti esokugcina kwabe kungesamabhokisi kanye nezilwane.

"Ngifuna ukuba ngumshayeli wesitimela," kusho uJake.

"Ngifuna ukuba nguGogo oyovakashela umndeni wakhe eJozi," kusho uGogo, ehlala phansi enqoleni ehlala abantu.

"Ngizoba yinja-ke ngihlale enqoleni yokugcina," kusho uThoko.

"Shuku-shuku! Shuku-shuku!" kukhala uJake, ngesikhathi isitimela siphuma esiteshini.

"Hhowu, Hhowu!" kukhonkotha uThoko. UGogo wacimeza wenza sengathi ulele zwi. Okubi nje ukuthi waphuthelwa ukubona izindawo ezinhle ngesikhathi isitimela sisuka eKapa siya eGoli. Bagudla benqamula izigodi benyuka izintaba. Bedlula eKaroo engamathafa abanzi anezintatshana. Bawela imifula banqamula amapulazi. Ekugcineni bafika edolobheni elikhulu laseGoli.

"Khushu khushu-u-u-u!" kusho uJake ngesikhathi befika esiteshini.

"Hhowu-u hhowu-u!" kukhonkotha uThoko.

Lokho kwavusa uGogo owathi, "Hawu nkosi yami! Sesilapha? Sifike ngesikhathi esikahle sokuthola inkomishi yetiye!"

UJake noThoko baqakula izihlalo bazibuyisela etafuleni, uGogo wase enza itiye ngethibhathi, wase ebeka amabhisikidi omshayeli onxaniwe kanye nenja encane elambile.

"Ngemva kokudla leli bhisikidi," kusho uThoko, "Ngifuna ukwenza umkhumbimkhathi."

"Kuhle!" kusho uJake. "Ngifuna ukuba ukaputeni wasemkhathini!" UThoko wabukeka edumele.

"Kungani nobabili ningabi abashayeli bomkhumbimkhathi?" kuphakamisa uGogo.

"Kulungile-ke," kusho uJake. Kodwa engabukeki ekuthokozela lokhu.

Umkhumbimkhathi udinga izihlalo ezine. Izihlalo ezimbili ezimile kwakungezokuhlala abashayeli bomkhumbimkhathi. Ezimbili zazibekwe ngemuva njengezifuqi-rokhethi.

"Kuhlano ... kune ... kuthathu ... kubili ... kunye ... khuphukani!" kumemezela uGogo, ngesikhathi ebavayizela ebavalelisa. Wasukuma umkhumbi wasemkhathini waphakama, waphakama, waphakama wayoshona emkhathini.

"Bheka!" kusho uThoko. "Nansiya inyanga!"

"Masehlele phansi," kusho uJake. Kancane kancane umkhumbimkhathi wehlela enyangeni, kwase kuphuma abashayeli bawo ababili.

"Akukho lutho lapha," kusho uJake.

"Yebo," kuvuma uThoko, "masibuyele ekhaya."

Kwamthokozisa uGogo ukubabona bebuyela eMhlabeni. Bobabili babebukeka bekhathele ngenxa yohambo ababeluthathile. "Ngiyazi ukuthi yini elandelayo eningayenza," kusho uGogo. "Yinto mina noBhozomela esasiyenza ngesikhathi sisengangani." UGogo wabakhombisa ukuthi bangalenza kanjani iqhugwana ngokumboza izihlalo ngengubo.

"Ngifuna ukuba ngumzingeli," kusho uJake.

"Ngifuna ukuba umngani omkhulu womzingeli," kusho uThoko. "Wena ungaba umama wendlovu," esho kuGogo.

"Ngincamela ukuba umama webhubesi," kusho uGogo.



UJake wayethule ngesikhathi becathamela umama ubhubesi. UThoko wayethule nakakhulu. Kodwa ngaphambi kokuba bafike lapho umama ubhubesi wayehleli khona ephuza inkomishi yesibili yetiye, waphenduka wagwavuma ngendlela eyethusayo - HHOOWUUU! Umzingeli kanye nomngani wakhe omkhulu bethuka kangangokuba baziphonsa eqhugwaneni labo, behlisa uphahla lwabamboza. UGogo wahleka, base behleka kakhulu ngaphansi kwengubo. Kwase kuthi nya!"

"Kuhle," kucabanga uGogo. Wayedinga ukuphumula.

"Uyazi ukuthini?" kusho uThoko ngaphansi kwengubo.

"Ini?" kubuza uJake.

"Noma ufuna ukuthi kulalelwe wena ngaso sonke isikhathi futhi ufuna ukuba ngumshayeli wetekisi, umshayeli wesitimela, ukaputeni womkhumbimkhathi kanye nomzingeli, wena usengumngani wami omkhulu," kusho uThoko.

"Ngiyazi," kusho uJake. "Kanti nawe ungumngani wami omkhulu kunabo bonke engake ngaba nabo!"

UGogo wamamatheka. Babezwakala bekhuluma njengaye uGogo noBhozomela!

Nal'ibali fun

Dear Diary...

Do you keep a diary? Diaries are great places to write down your thoughts and feelings – or anything else that you want to! The diary below is a “feelings diary”. Each day write down how you felt about something that happened.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali Dayari Ethandekayo...

Ngabe unayo idayari? Amadayari ayindawo ekahle yokubhala imicabango kanye nemizwa yakho – nanoma yini enye othanda ukuyibhala! Idayari engezansi “iyidayari yemizwa”. Usuku ngalunye bhala ukuthi uzizwe kanjani ngento eyenzekile.



SUNDAY

I felt _____ when

NGESONTO

Ngizizwe _____ ngesikhathi

MONDAY

I felt _____ when

NGOMSOMBULUKO

Ngizizwe _____ ngesikhathi

TUESDAY

I felt _____ when

NGOLWESIBILI

Ngizizwe _____ ngesikhathi

WEDNESDAY

I felt _____ when

NGOLWESITHATHU

Ngizizwe _____ ngesikhathi

THURSDAY

I felt _____ when

NGOLWESINE

Ngizizwe _____ ngesikhathi

FRIDAY

I felt _____ when

NGOLWESIHLANU


Ngizizwe _____ ngesikhathi

SATURDAY

I felt _____ when

NGOMGQIBELO

Ngizizwe _____ ngesikhathi




Who is reading?

How many Nal'ibali characters who are reading can you see on this page? Count them and then check your answer below.

Ubani ofundayo?

Bangaki abalingiswa bakwaNal'ibali abafundayo obabona kuleli khasi? Babale bese ubheka impendulo yakho ngezansi.

Impendulo: []
Answer: []



Look out for our special Father's Day edition of the Nal'ibali supplement in the week of 7 June 2015!

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook ku-:
www.facebook.com/nalibaliSA

Bheka ushicilelo lwethu olukhethekile lweSithathiselo sakwaNal'ibali lwangoSuku LoBaba esontweni lamhla ziye-7 kuNhlangulana wezi-2015!

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination